

UNksz Siviwe Gwarube,
uNgqongqoshe weMfundo
Eyisisekelo



UDkt Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, UNksz Siviwe Gwarube, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt Reginah Mhaule.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

# Uma kufundwa umbhalo

## Ngaphambi kokufunda



- Zama ukukhumbula izinto ozaziyo ngesihloko.
- Cabanga ngombhali kanye nesikhathi incwadi eshicilelwe ngaso.
- Funda ipharagrafu yokuqala neyokugcina yengxenye yokuqala.
- Zama ukuqagela ukuthi umbhalo lowo uzokhuluma ngani.

## Ukufunda



- Ngenkathi ufunda, thatha ikhefana njalo nje ukuziqinisekisa ukuthi uyakuqonda okufundayo.
- Qhathanisa ukuqagela kwakho nalokho okuthola uma ufunda.
- Uma ungayazi incazelo yamanye amagama, yifune esichazamazwini.
- Uma kunengxenye ongayizwa, yifunde futhi kancane kancane. Phinda uyifunde uphimisele.

## Emva kokufunda



- Zama ukukhumbula izinto ezibalulekile.
- Yenza ibalazwe lemibono eqavile.
- Bhala isifinyezo ukuzikhumbuza amaphuzu abalulekile.
- Sebenzisa amaphuzu owatholile uwabhale wena phansi.

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Fifteenth edition 2025

ISBN 978-1-4315-0051-2

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**This book may not be sold.**



# Okuqukethwe

## Indikimba 5: Izinto esizithokozelayo
## Ithemu 3: Isonto 1-5


65 **Yenza njengabo** 2
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nezithombe. Ukufunda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

66 **Izinja namakati** 4
Ugcwalisa uhlamvu egameni. Funda bese ukokelezela umsindo. Ukulandela izinhlamvu ze-alfabhethi. Ubhala igama lakho

67 **Ngifisa sengathi ngabe nginenhlanzi** 6
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

68 **Izilwane ezingabangani bethu** 8
Dweba isithombe sesilwane. Funda bese ukokelezela umsindo. Ukusika bese unamathisela izithombe zezilwane.

69 **Siyadlala kunelanga** 10
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

70 **Kunelanga** 12
IQedela amagama. Dweba umugqa ukuze kuqondane izinhlamvu. Dweba umugqa phezu kwesithombe esingahambisani nezinye. Bhala igama leqoqa lezithombe.

71 **Masidlale** 14
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nezithombe. Ukufunda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

72 **Ngithanda ukudlala** 16
Gcwalisa uhlamvu olufanele. Funda imisho bese ukokelezela umsindo. Kokelezela umsindo kh. Ukusiza abantwana bathole indlela.

73 **Sithanda ukugijima** 18
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nezithombe. Ukufunda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

74 **Siyanqoba** 20
Xoxa ngesithombe. Funda imisho bese ukokelezela umsindo. Xoxa nabangani ngezithombe. Qedela amagama ngokugcwalisa imisindo bese uqondanisa nezithombe.

75 **Esitolo** 22
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Imisho ehambisana nezithombe. Ukufunda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

76 **Esizokuthenga** 24
Gcwalisa ngomsindo ph bese uqondanisa amagama nezithombe. Funda imisho bese ukokelezela umsindo sh.Buka izithombe bese ubhala uhla lwezinto ozozithenga.

77 **Ukuthenga** 26
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Imisho ehambisana nezithombe. Ukufunda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

78 **Ngithanda izincwadi** 28
Gcwalisa izinhlamvu ezingekho. Phendula imibuzo. Gcwalisa umsindo bese uqondanisa igama nesithombe. Siza abantwana bathole ibhaluni.

79 **Amabhele amathathu** 30
Funda amagama bese uwafaka emabhokisini afanele. Ukuzakhela incwadi yokufunda. Faka umbala esithombeni.




## Indikimba 6: Ukuhambela izindawoIthemu 3: Isonto 6-10


81 **Idili losuku lokuzalwa** 36
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukuqondanisa. Ukubhala kahle ngesandla.

82 **Ube nosuku lokuzalwa olumnandi** 38
Culani iculo. Khetha ugcwalise uhlamvu. Funda bese ukokelezela umsindo. Qedela amagama ezinsuku zokuzalwa bese ubhala igama lakho enyangeni ozalwa ngayo.

83 **Siya ezu** 40
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla.

84 **Izilwane zasezu** 42
Gcwalisa amagama. Qedela imisho. Kopisha izinhlamvu. Funda imisho bese ukokelezela imisindo. Siza abantwana bathole izilwane.

85 **Epulazini** 44
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Kopisha umusho. Bhala imisho emibili ngesithombe. Qedela imisho.

86 **Impilo yasepulazini** 46
Lingisa umsindo wesilwane. Qedela imisho ngamagama. Funda imisho bese ukokelezela imisindo. Qondanisa isilwane nomkhiqizo

87 **Esekisini** 48
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Kopisha izinhlamvu/ umusho. Bhala imisho emibili ngesithombe. Qedela imisho.

88 **Izilwane ezisesekisini** 50
Dweba isilwane osithandayo. Gcwalisa amagama ngemisindo. Funda imisho bese ukokelezela imisindo. Xhumanisa izinhlamvu ukuthola isilwane. .

89 **OBebe noMimi balahlekile** 52
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Kopisha umusho. Bhala imisho emibili. Izinsuku zesonto.

90 **Izinsuku zesonto** 54
Bhala bese udweba ngosuku oluthandayo. Gcwalisa izinsuku ezikhaleni. Funda imisho bese ukokelezela uhlamvu. Siza oBebe benoMimi. .

91 **Siyobuka ibhola lezinyawo** 56
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Kopisha umusho. Bhala imisho emibili ngesithombe. Qedela imisho.

92 **Umdlalo engiwuthandayo** 58
Dweba isithombe ubhale ngaso imisho. Qedela imisho. Funda imisho bese ukokelezela imisindo. Xoxa ngemidlalo emibili. Thola izinto esithombeni.

93 **Isitolo sezinto zokudlala** 60
Buka isithombe bese uxoxa ngaso. Funda imisho ehambisana nesithombe. Funda amagama bese ubhala imisho emibili. Kopisha umusho. Bhala imisho emibili ngesithombe. Qedela imisho.

94 **Izinto zokudlala engizithandayo** 62
Hlanganisa amachashazi. Qedela imisho. Funda imisho ukokelezele imisindo. Qondanisa igama nesithombe.




Zulu Lang Gr1 Bk2 Theme 0 NEW.indd 2 2019/07/19 10:44:35

## Indikimba 7: Lapho sihlala khona
## Ithemu 4: Isonto 1-5




**97 Umtholampilo** 68
Buka isithombe uxoxe ngaso. Funda amagama ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe nomusho.

**98 Lulama** 70
Landelanisa izithombe. Yenza ikhadi. Funda imisho ukokelezele amagama. Qondanisa isithombe negama.

**99 UBebe uya kudokotela wamazinyo** 72
Buka isithombe uxoxe ngaso. Funda amagama ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe nomusho.

**100 Ukuzinakekela** 74
Buka izithombe, uxoxe bese ubhala imisho ngazo. Khetha isithombe esihambisana negama. Siza uBebe.

**101 Ukuphepha emgwaqeni** 76
Buka isithombe uxoxe ngaso. Funda amagama ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe nomusho.

**102 Ukuphepha emgwaqeni** 78
Umsebenzi ngerobhothi. Funda imisho, ukokelezele amagama. Qondanisa izimpawu zemigwaqo.

**103 Okokuthutha** 80
Buka isithombe uxoxe ngaso. Funda indaba. Funda amagama ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Buka isithombe. Umsebenzi wokuzijabulisa

Ukufunda ngokubona. Thola umahluko

**104 Uhambo** 82
Sika izinto zokuthutha bese uzinamathisela esithombeni.

**105 Umlilo** 84
Buka isithombe uxoxe ngaso. Funda indaba. Funda amagama ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe, ubhale umusho ngaso.

**106 Umlilo** 86
Buka, uxoxe bese ubhala umusho ngesithombe. Funda imisho bese ukokelezela imisindo. Siza abacishimlilo.

**107 Esikoleni** 88
Buka isithombe uxoxe ngaso. Funda indaba. Funda amagama ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe, ubhale umusho ngaso.

**108 Esikwenza esikoleni** 90
Dweba isithombe, ubhale umusho. Qedela imisho. Qondanisa.

**109 Sesiphumile isikole** 92
Buka izithombe uxoxe ngazo. Funda amagama, ubhale imisho emibili. Bhala izinhlamvu. Dweba, ubhale imisho.

**110 Ebusuku** 94
Culani. Umdlalo wokufunda. Funda imisho ukokelezele amagama. Funda amagama.

**111 UPhu, ibhele, ugaxele** 96
Funda amagama bese uwabhala emabhokisini. Ukufunda incwadi. Dweba izinto othanda ukuzenza. Bhala imisho emibili ngaso.


## Indikimba 8: Umhlaba wethu
## Ithemu 4: Isonto 6-10


**113 Umhlaba wethu** 102
Buka izithombe bese uxoza ngazo. Funda indaba. Funda amagama, ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla.

**114 Linjani izulu?** 104
Bhala imisho ngezithombe. Qedela imisho. Funda imisho ukokelezele imisindo. Kokelezela, uqondanise izithombe namagama.

**115 Kunesivunguvungu** 106
Buka izithombe bese uxoza ngazo. Funda indaba. Funda amagama, ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe.

**116 Okunye ngesimo sezulu** 108
Buka izithombe, uqedele imisho. Faka, ukokelezele isabizwana soqobo. Buka, uxoxe bese uphendula imibuzo ngeshadi lesimo sezulu.

**117 OBongi noMimi batshala imifino** 110
Buka izithombe bese uxoza ngazo. Funda indaba. Funda amagama, ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla.Bhala uhlu lwemifino.

**118 Ukutshala esivandeni sethu** 112
Buka izithombe, uxoxe ngazo. Qedela imisho ngamagama. Sika izithombe, uzinamathisele ethebhuleni.

**119 Epaki lezilwane** 114
Buka izithombe, uxoxe ngazo. Funda indaba. Funda amagama ubhale imisho. Kopisha izinhlamvu. Bhala ngokubona esithombeni.

**120 Izilwane zasendle** 116
Qondanisa amagama nezitho zezilwane. Gcwalisa ithebhula.Qedela imisho. Qedela umdwebo.

**121 Izikhathi zonyaka** 118
Buka izithombe bese uxoza ngazo. Funda indaba. Funda amagama, ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe ubhale ngaso imisho.

**122 Izinsuku, amasonto nezinyanga** 120
Buka ikhalenda, uxoxe ngalo. Bhala izimpendulo. Qedela imisho. Gcwalisa isikhathi sonyaka.

**123 Ulwandle** 122
Buka izithombe bese uxoza ngazo. Funda indaba. Funda amagama, ubhale imisho emibili. Ukubhala kahle ngesandla. Dweba isithombe, ubhale ngaso imisho.

**124 Ekujuleni kolwandle** 124
Hlanganisa amachashazi. Qedela imisho. Funda imisho ukokelezele umsindo. Siza abantwana.

**125 Kulahleke uBubu umntwana wendlovu** 126
Funda incwadi.

# 65 Izilwane ezingabangani bethu

**Masikhulume** Make sibuke lesi sithombe bese sixoxa ngaso.




**Masifunde**



UMimi unekati.



UJabu unenyoni.



UBongi unenja.



UBebe unegundane.



ZUL HL Gr1 B2 TH3.indd 2 2019/07/21 18:13:23

# Izinja namakati





Masenze lokhu

Gcwalisa uhlamvu olufanele ukuze igama lihambisane nesithombe.







| | |
|---|---|
| ika(t)i | ima____i |
| i____ja | i____uba |
| i____o | u____du |
| unwa____u | u____lilo |
| inya____a | u____iba |









Masibhale

Funda imisho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
|---|---|
| a | Um(a)ma nobaba. |
| e | Bona balele. |
| i | Unebhayisikili. |
| o | Uyinono. |
| u | Khulumani. |



ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 4 2019/07/21 18:15:36

# Ngifisa sengathi ngabe nginenhlanzi

**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.




**Masifunde**



Yinja le.
Yikati leliya.
Banamachwane enkukhu.
Ngifisa sengathi ngabe nginenhlanzi.



**Sisebenza ngamagama** Funda uphimise la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | |
|---|---|---|
| ihawu | ubaba | isaka |
| hawu | iboni | isilo |
| ihubo | bila | isisu |




ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 6 2019/07/21 18:13:49

# Izilwane ezingabangani bethu kanye nezinye



## Masenze lokhu

Dweba isithombe sesilwane obona ukuthi siphila kahle nabantu.
Tshela abangani bakho ukuthi kungani uthi singaphila kahle nabantu.

## Imisindo

Funda imisho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
|---|---|
| th | Thinta inja. |
| kh | Ikhekhe lithengiwe. |
| sh | Usheshe wabuya. |
| th | Uthole imali eningi. |
| kh | Ekhaya akukho muntu. |
| sh | Ushiya yiphi, uthatha yiphi? |

## Masizijabulise

Sika izilwane ezingezansi uzinamathisele ezindaweni ezifanele ekhasini elingaphesheya.





ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 8 2019/07/21 18:14:12

# 69 Siyadlala kunelanga



Masikhulume

Make sibuke lesi sithombe bese sixoxa ngaso.



Masifunde

Sidlala elangeni.
Siyamba siyagijima.
Nginekepisi elibomvu.
Ngihlezi ocansini ngidla ibhanisi elikhulu.







ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 10 2019/07/21 18:14:18

# Masidlale



Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.




Masifunde

Kumnandi ukugijima uma kunelanga.
Sithanda kakhulu ukudlala.
Ngithanda ukugijima nokugxuma.





ZUL HL Gr1 B2 TH3.indd 14 2019/07/21 18:14:49

Usuku:




## Sisebenza ngamagama

Funda uphimise la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

**Amagama okubhekisiswa**
uma
kanjani
uthanda

| | | |
|---|---|---|
| lula | mama | bala |
| sula | ima | bola |
| gula | mema | bila |





## Qhathanisa

Qondanisa amagama asemakhadini nasemushweni.

| | | | |
|---|---|---|---|
| Ku | mna | ndi | u |
| ku | dla | la. | |





## Masibhale

Kopisha izinhlamvu.

d d

D D



## Masibhale

Kopisha umusho.



Kumnandi ukudlala.



ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 15 2019/07/21 18:14:52

# Ngithanda ukudlala





Masenze lokhu

Gcwalisa uhlamvu olufanele bese udweba umugqa uqondanise igama nesithombe..





zwing_

gijim_

gx_ma

kh_hlela

hl_la

bhuk_da

im_

dlal_ ingqathu















Imisindo

Funda imisho uthole bese ukokelezela imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.



| | |
|---|---|
| kh | Ikha amanzi. |
| kh | Imali yakho. |
| kh | Sikhona ekhaya. |
| kh | Umfana ukhulile. |
| kh | Bona ikhala lakhe. |
| kh | Khumula izingubo zesikole. |





ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 16 2019/07/21 18:14:58

# Sithanda ukugijima



Masikhulume

Make sibuke lesi sithombe bese sixoxa ngaso.




Masifunde

Siyakuthanda ukugijima.
UMimi noBebe bagijima kakhulu.
Usipoti, inja yami, uyasilandela njalo.
Yima Sipoti! Yima!





ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 18 2019/07/21 18:15:03

Usuku:

## Sisebenza ngamagama

Funda uphimise la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

**Amagama okubhekisiswa**
thina
gijima
kakhulu

| | | |
|---|---|---|
| jika | kala | guga |
| jiya | isikele | igugu |
| ijuba | ikati | igula |

## Qhathanisa

Qondanisa amagama asemakhadini nasemushweni.

| | | | |
|---|---|---|---|
| Si | gi | ji | ma |

| | | |
|---|---|---|
| ka | khu | lu. |

## Masibhale

Kopisha izinhlamvu.



e e

E E

## Masibhale

Kopisha imisho.

Sigijima kakhulu.

## Masizijabulise

Xoxa nabangani bakho ngalezi zithombe ezimbili. Kwenzekani kuzo?





UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 19 2019/07/21 18:15:05

# Siyanqoba




Xoxa ngesithombe. Yisho ukuthi.







Funda imisho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
|---|---|
| mi | Umimi u(mi). |
| mi | Yona imi. |
| mi | Umama emile. |
| mi | Ubaba umile. |
| mi | Umama wami. |
| mi | Ubaba emi. |



Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.










Masifunde

Usesitolo.

Uzothengani?

Uzothenga amashipsi, inyama, ushizi nobisi.

# Esizokuthenga





Masenze lokhu

Gcwalisa umsindo ph esikhaleni. Qondanisa amagama nezithombe ezifanele.





| |
|---|
| i ph uzi<br>i ___ ela |
| i ___ epha<br>i ___ uphu |
| i ___ oyisa |









Imisindo

Funda imisho, bese uthola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.



| | |
|---|---|
| sh | U(sh)ukela umnandi. |
| sh | Uneshumi losheleni. |
| sh | Ushayela imoto. |
| sh | Usheshe wafika. |
| sh | Yisho uma uza. |
| sh | Ushibilikile. |





ZUL HL Gr1 B2 TH5.indd 24 2019/07/21 18:15:22

# Ukufunda



**Masikhulume**

Make sibuke lesi sithombe bese sixoxa ngaso.







**Masifunde**



Bebefunda incwadi enkulu.
USipoti uye wabagxumela.
Ngicabanga ukuthi uSipoti uyinja ethandekayo.





ZUL HL Gr1 B2 TH3.indd 26
2019/07/21 18:15:34

# Idili losuku lokuzalwa





Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.










Masizijabulise

Namuhla wusuku lokuzalwa lukaMimi.
Siyacula sonke, siyadlala futhi.
UMimi uphephetha amakhandlela.
Sishaya izandla.
Sinokudla okuningi esizokudla.





ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 36 2019/07/21 18:12:42

Usuku:

**Amagama okubhekisiswa**

sonke
futhi
usuku

**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | | |
|---|---|---|---|
| phatha | lwabo | thuma | igama |
| phela | lwami | chitha | igeja |
| phupha | lwazo | thela | gibela |



**Masibhala** Kopisha izinhlamvu.

h h

H H

**Masibhala** Kopisha umusho.

Siyadlala siyacula.



**Masibhala** Bhala imisho emi-2 ngalesi sithombe.

**Masibhala**

Igama lami ngingu-____________________.

Ngineminyaka ____________________ ubudala.

Usuku lwami lokuzalwa lu-____________________.

UTHISHA: Ukusayina __________ Usuku __________



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 37 2019/07/21 18:12:46

# 82 Ube nosuku lokuzalwa olumnandi

**Masenze lokhu** Masiculeni iculo.



Yiba nosuku oluhle lokuzalwa.
Yiba nosuku oluhle lokuzalwa.
Yiba nosuku oluhle lokuzalwa, Mimi.
Yiba nosuku oluhle lokuzalwa.

**Masenze lokhu** Khetha ugcwalise izinhlamvu ezikhaleni ukuze amagama aqondane nezithombe ezifanele.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
|  | ___uza | ph | u(ph)ondo |  |
|  | i___ala | bh | i___ola |  |
|  | i___wane | ch | ___itha |  |
|  | isi___uthuthu | th | i___iphothi |  |
|  | u___ukela | sh | um___anelo |  |

Usuku:

Imisindo

Funda umusho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
|---|---|
| ph | Uphuza amanzi. |
| bh | Ngiyawathanda amapulamusi. |
| ch | Idada lisechibini. |
| th | Ugibele isithuthuthu. |
| sh | Thatha ushukela. |

Masizijabulise

Hamba phezu kwamachashazi amagama ezinyanga ekhalendeni yezinsuku zokuzalwa. Manje gcwalisa igama lakho enyangeni yosuku lwakho lokuzalwa. Gcwalisa amagama abangani bakho ezinyangeni zezinsuku zabo zokuzalwa.

## Ikhalenda yezinsuku zokuzalwa

| | | | |
|---|---|---|---|
| uMasingana | uNhlolanja | uNdasa | uMbasa |
| uNhlaba | uNhlangulana | uNtulikazi | uNcwaba |
| uNcwaba | uMfumfu | uLwezi | uZibandlela |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 39 2019/07/21 18:13:26

# Siya ezu






Masizijabulise

Sisezu.

Izinyoni ziyacula, ziyandiza.

Ingwenya ilele.

Ibhubesi liyabhonga.






Sisebenza ngamagama

Funda lowa magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | |
|---|---|---|
| isiko | ugogo | ifa |
| ikati | guga | ifu |
| sika | goba | isifo |



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 40 2019/07/21 18:13:31

# Izilwane zasezu





Masibhala

Gcwalisa igama esikhaleni. Sebenzisa la magama azokusiza.

inyoni | ingwenya | ibhubesi

| | |
|---|---|
|  | ________________ ithamele ilanga. |
|  | ________________ ishaya amaphiko. |
|  | ________________ liyabhonga. |



Masibhala

Igama lami ngingu-________________.
Isilwane engisithandayo ________________.
________________ linemithende.



Masibhala

Kopisha izinhlamvu.



i

I



Sisebenza ngamagama

Funda umusho, thola ukokelezele njengoba kwenziwe esibonelweni.



| | |
|---|---|
| ng | Yi(ng)ubo yakhe lena |
| f | Umfana umile. |
| bh | Badlala ibhola. |
| ng | Ngiya esikoleni. |
| bh | Ibhubesi liyabhonga. |









ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 42 2019/07/21 18:13:49

# Epulazini





**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.





**Masizijabulise**





Sisepulazini.
Umninipulazi unogandaganda.
Utshala ubhontshisi ngasemfuleni.
Sisenga ubisi lwenkomazi.
Izikhukhukazi zizalela amaqanda.









ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 44 2019/07/21 18:14:07

# Impilo yasepulazini





**Masenze lokhu**

Lingisa umsindo owenziwa yizilwane zasepulazini. Umngani wakho kumele aqagele ukuthi silwane sini osilingisayo.

**Masibhala**

Gcwalisa amagama esikhaleni.



utshani | unengubo | idada | insimbi | ugandaganda

Umlimi ushayela  ____________________________.

 ____________________________ libhukuda edamini.

Izinkomazi zidla  ____________________________. 

Umngani  ____________________________ entsha.

Umlimi ushaya  ____________________________.

**Sisebenza ngamagama**

Funda umusho, thola ukokelezele njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
|---|---|
| z | Izinyane lilambile. |
| z | Siyisengile inkomazi. |
| th | Kunogandaganda emthunzini. |
| sh | Sakha ushizi ngobisi. |
| th | Thina besicula. |





# Esekisini





Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.















Masizijabulise



Sisetendeni.
Ihlengethwa lidlala ibhola.
Ibhubesi liveze amazinyo.
Sishayela usomahlaya izandla.






ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 48 2019/07/21 18:14:14

89

# OBebe noMimi balahlekile



Masikhulume Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.








Masizijabulise



BekunguMsombuluko.
Sihambile sayodlala namadada echibini.
Siye salahleka.
UBebe uwile walimala isandla.
USipoti usifune wasithola.





ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 52 2019/07/21 18:15:02

Usuku: ____________

**Amagama okubhekisiswa**

uwile
lahleka
siye

**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | |
|---|---|---|
| ima | sula | fuza |
| mama | kusasa | fana |
| imali | susa | fola |

**Masibhala** Kopisha izinhlamvu.



l l

L L

**Masibhala** Kopisha umusho.

Besiye echibini.



**Masibhala** Bhala imisho emi-2 ngalesi sithombe.

**Masibhala** Namhlanje oLwesingaki? Beka uphawu-✗ eduze kosuku lwanamuhla. Kokelezela usuku oluthanda kakhulu. Kusasa kuzobe kungoLwesingaki? Beka uphawu ✓eduze kwegama losuku.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| iSonto | | uMsombuluko | | uLwesibili | |
| uLwesithathu | | uLwesine | | uLwesihlanu | |
| uMgqibelo | | iSonto | | | |



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 53 2019/07/21 18:15:05

# Izinsuku zesonto





Masenze lokhu

Dweba isithombe ukhombise ukuthi yini othanda ukuyenza ngalolu suku.

Yiluphi usuku oluthanda kakhulu lwesonto?





Masibhala

Lezi zinsuku azikho ekhalendeni. Zigcwalise ezikhaleni ezifanele ezingezansi.

ULwesine

ULwesithathu

UMsombuluko

UMgqibelo

| ISonto |
| --- |
| |
| ULwesibili |
| |
| |
| ULwesihlanu |
| |



Imisindo

Funda umusho, thola ukokelezele njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
| --- | --- |
| y | Si(y)a esontweni ngeSonto. |
| x | Sixoxele indaba. |
| b | UBebe uncike obondeni. |
| z | Izilwane zisentabeni. |
| n | Ngenani eklasini. |





ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 54 2019/07/21 18:15:09

# Siyobuka ibhola lezinyawo



Masikhulume Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.




Masizijabulise

Namuhla wuMgqibelo.
Ngibuka ibhola lezinyawo.
Ngiphethe u-ayisikhilimu obandayo.
Uyancibilika.
Siyababongela aBafana.







ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 56 2019/07/21 18:15:15

Usuku:



Imisindo

Funda umusho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.



| | |
|---|---|
| bh | Ngibuka ibhola lezinyawo. |
| th | Uthisha usincomile. |
| kh | Ikhalile insimbi. |
| ph | Susani lezi zinto phela. |
| sh | Ngibala ngifike eshumini. |







Khuluma ngale midlalo emibili usho kumngani ukuthi ifana ngani futhi ihluke ngani.

Masizijabulise







Thola ukokelezele lezi zinto esithombeni. Beka uphawu emabhokisini uma uzithola.

| | |
|---|---|
| u-ayisikhilimu | |
| ibhande | |
| isitini | |
| inhlanzi | |

| | |
|---|---|
| isicathulo | |
| izibuko zelanga | |
| ichwane | |
| ifulegi | |

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 59 2019/07/21 18:15:22

# Isitolo sezinto zokudlala





**Masikhulume** Buka isithombe ukhulume ngokubonayo.




**Masizijabulise**

Sisesitolo sezinto zokudlala.
Sibona onodoli, amabhulokhi nezimoto.
Sonani idada neloli.
Sithanda izinto eziningi zokudlala.





ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 60 2019/07/21 18:15:36

# Izinto zokudlala engizithandayo





**Masenze lokhu**

Hlanganisa amachashazi ukuthola ukuthi iyini le nto yokudlala.






**Masibhala**

Bhala phansi into yokudlala ethandwa yingane ngayinye. Sebenzisa la magama azokusiza.

imoto | unodoli | uthedibhe | amabhulokhi | uneloli

| |
|---|
| UMimi uthanda  ______________________________. |
| UBongi uthanda  ______________________________. |
| UBebe uthanda  ______________________________. |
| Ingane ithanda  ______________________________. |
| Yena  elibomvu ______________________________. |




**Ukufunda izincwadi:**
Landela imiyalelo wenze le ncwadi yokusikwa.
Iya nayo ekhaya uyoyifundela abangani bakho nomndeni wakho.



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 62 2019/07/21 18:15:46









Impisi iyazibona izingulube. Ilambe kabi. Ifuna ukuzibamba izidle.






Izingulube ezincane ezintathu ziyaphuma ekhaya. Kumele zizakhele izindlu zazo.






Yasuka lapho impisi yahamba ayangaphinda yabuya.



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 64 2019/07/21 18:15:53




Izingulube zibilisa amanzi esitofini. Zabe sezilibeka ngaphansi kukashimula.











Impisi yayiphephetha yayiphephetha,, yawa indlu. Yaphuma ingulube encane yayocasha endlini yamfowabo yezinti.






Impisi yayiphephetha yayiphephetha, yawa indlu. Zaphuma izingulube ezincane ezimbili zayocasha ndlini kadadewabo yezitini.



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 65 2019/07/21 18:15:54









Impisi
yayiphephetha
yayiphephetha,
yayiphephetha
yayiphephetha,
yayiphephetha
yayiphephetha.
Kodwa le ndlu ayiwi.
Yagibela phezu
kophahla lwendlu.













ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 66
2019/07/21 18:15:56

Usuku:



Imisindo

Funda umusho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
|---|---|
| bh | Ingane ithanda amabhulokhi. |
| th | Bathengisa onodoli. |
| sh | Ushayela iloli. |
| ng | Asilibonanga isele. |
| ph | Isiphuzo siyabanda. |





Masizijabulise

Qoqa lezi zinto uzifake kubhasikidi ofanele. Dweba umugqa usuke entweni ngayinye uye kubhasikidi ofanele.

ihembe

izikhindi

izicathulo

udangala




ijezi

uthedibhe

iphazili

ikhekhe

ushizi







i-aphula

amabhulokhi

iloli

unodoli

ubisi

iwolintshi

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr1 B2 TH6.indd 67 2019/07/21 18:16:00

# Umtholampilo



Masikhulume Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.

Masifunde




UMimi uyagula.






Umama wakhe umhambisa emtholampilo.




Udokotela uhlola uMimi.




Udokotela uthi uMimi kumele alaliswe.



ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 68 2019/07/21 18:12:23

Usuku:

Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

**Amagama okubhekisiswa**

gula
waya
uke

| | | |
|---|---|---|
| ipeni | irula | iyoyo |
| ipali | ireyiza | yima |
| ipapa | irama | yona |

Masibhala

Kopisha izinhlamvu.



o o

O O

Masibhala

Kopisha umusho.

UMimi uyile kudokotela.



Masibhala

Dweba isithombe sakho ngenkathi ugula. Bhala umusho ngesithombe sakho.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 69 2019/07/21 18:12:26

Usuku:



Imisindo

Funda imisho, thola ukokelezele amagama njengoba kwenziwe esibonelweni.
Beka ungqi ekupheleni komusho ngamunye.



| | |
|---|---|
| emtholampilo | UMimi uyile emtholampilo . |
| gula | UMimi ubegula ______________________ |
| phuza | Kumele aphuze amaphilisi __________ |
| kumele | UMimi kumele alaliswe __________ |
| yena | Yena ungcono-ke manje __________ |

Dweba umugqa ukuqondanisa isithombe negama eliqala ngo-uku-.

Masizijabulise





ukukhala

ukugxuma

ukucula

ukuhamba

ukuma

ukugijima

ukukhuluma

ukuhlala

ukupenda

ukulala

ukudla

ukuphuza



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 71 2019/07/21 18:12:44

Usuku:

Amagama okubhekisiswa

zonke
izinyo
isihlalo




## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | |
|---|---|---|
| ixoxo | uxamu | iwisa |
| xola | xaka | iwa |
| xega | xoxa | wela |



## Masibhala

Kopisha izinhlamvu.

p p

P P



## Masibhala

Kopisha umusho.

Uyile kudokotela wamazinyo.





## Masibhala

Dweba isithombe esimayelana nokunakekela amazinyo. Bhala umusho ngesithombe sakho.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 73 2019/07/21 18:13:04

# Ukuphepha emgwaqweni







Masikhulume

Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.



Qalaza kwesokunxele.



Qalaza kwesokudla.



Qalaza kwesokunxele futhi.



Wela-ke.



Masifunde





Kumele uqalaze ndawo zombili ngaphambi kokuwela.
Yima, qalaza kwesokunxele nakwesokudla.
Qalaza kwesokunxele futhi.
Wela-ke.





ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 76 2019/07/21 18:13:43

# Ukuphepha emgwaqweni







Masenze lokhu

Faka umbala erobhothini. Eduze kombala ngamunye, bhala igama lawo. Yisho ukuthi lowo mbala uthi yenzani. Gcwalisa la magama ezikhaleni ezifanele.

hamba    linda    yima





Imisindo

Funda imisho, thola ukokelezele amagama njengoba kwenziwe esibonelweni. Beka ungqi ekupheleni komusho ngamunye.

kwesokunxele    liluhlaza    uwele    yima    yena

Qalaza kwesokunxele nakwesokudla.

Qalaza ngaphambi kokuthi uwele ______________

Yima uma irobhothi libomvu ______________

Wela uma irobhothi liluhlaza ______________

Yena uyaqalaza ______________





ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 78 2019/07/21 18:13:52

# Okokuthutha



**Masikhulume**

Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.



**Masifunde**

UNkk Zitha ushayela isitimela iGawutreyini. Lesi sitimela siyashesha. Ngiya esikoleni ngebhasi. Ngigibelela esitobhini samabhasi.

**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | |
|---|---|---|
| bheka | isho | thatha |
| bhala | shisa | thetha |
| ibhala | isisho | thula |



ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 80 2019/07/21 18:14:14

# 105 Umlilo



**Masikhulume** Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.






**Masifunde**





Ngihambile ngaya esitolo.
Ngiwubonile umlilo esitolo.
Abezicishamlilo bagijimile baya emlilweni.
Balisebenzisile ilada eliphakeme nethumbu elide.





ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 84 2019/07/21 18:14:49

# Umlilo

**Masenze lokhu** Khuluma nomngani wakho ngokuthi kwenzekani kulezi zithombe.





**Masibhala** Bhala umusho ngesithombe sakho.

**Imisindo** Funda imisho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni..
Beka ungqi ekupheleni komusho ngamunye.

| | |
|---|---|
| -ile | Bagijimile baya emlilweni. |
| -ile | Sihambile saya esitolo ______ |
| -ile | Ngigezile ______ |
| -ile | Ngigxumile ngaya phezulu ______ |
| -ile | Ngiyigijimisile inja yami ______ |



107

# Esikoleni

Masikhulume Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.



Masifunde

Izolo oMimi noBongi bayile esikoleni.
Badlalile enkundleni yebhola.
Bagxumile futhi bagijima.
Bazigezile izandla zabo.
Bakuthandile ukudla ababekuphethe.







ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 88 2019/07/21 18:15:03

# Esikwenza esikoleni



**Masenze lokhu**

Dweba isithombe somngani wakho wasesikoleni. Bhala umusho usho ukuthi umthandiswa yini.



**Masibhala**

Buka lezi zithombe. gcwalisa lokho izingane ezikwenzayo esikoleni. Sebenzisa la magama azokusiza.

bayadlala | uyabhala | uyafunda | uyacula



UMimi ______________.



OBongi noMimi ______________.



UJabu ______________.



UJabu ______________.



ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 90 2019/07/21 18:15:07

# Sesiphumile isikole



Masikhulume Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.

Masifunde



Sidlalile uma kuphuma isikole.



Siwenzile umsebenzi wesikole.



Sigezile.



Sabhulasha izinwele.



Salala.





ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 92 2019/07/21 18:15:15

# 110 Ebusuku

**Masenze lokhu**

Culani leli culo.

Naz' izinkanyezi, zikhanya ebusuku,
Esibhakabhakeni.
Ziphezu komhlaba, esibhakabhakeni,
Zisamadayimane.
Naz' izinkanyezi, zikhanya ebusuku,
Esibhakabhakeni.

**Masizijabulise**

Yenza sengathi wena nomngani wakho niyibhele eliwumntwana nonodoli uGodola. Khethani ukuthi ubani ozoba yibhele eliwumntwana nozoba wunodoli uGodola. Thola ukuthi ngubani okwazi ukufunda ngokushesha. Umntwana webhele kumele afunde wonke amagama ukuze athole indlela eya ekhaya. Unodoli uGodola kumele afunde wonke amagama ukuze athole indlela eya ekhaya.






ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 94 2019/07/21 18:15:19




Ngelinye ilanga uPhu waphelelwa wuju. Wathi uma ezama ukukhotha isitsha phansi ikhanda labambeka.






UPhu wabambeka lapho kwaze kwaphela isonto elilodwa. Akakwazanga ukungena kumbe ukuphuma.






UPhu waphuma njengenhlamvu. Wenzani? Wayesuke ngejubane wayofuna uju. Isisu sakhe sasiduma.



# UPhu, ibhele, ugaxele





ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 97
2019/07/21 18:15:40









UWini Phu uhlala ehlathini.
Unabangani abaningi.






Isisu sikaPhu sihlala sifuna adle uju.



Ungakhathazeki.
Uzokhululeka masinya.

Abangani baka Phu beza bamvakashela zonke izinsuku. UBongi noKhikhi bamfundela izindaba.



ZUL HL Gr1 B2 TH7.indd 98 2019/07/21 18:15:43









Ngelinye ilanga uPhu wagibela esihlahleni eyofuna uju esidlekeni sezinyosi. Laphuka igatsha yena wabambeka esihlahleni egaxele.








Namhlanje uPhu uvakashele uNogwaja emgodini wakhe. Akakwazi kodwa ukwehla ayofika emnyango.




Zonke izinsuku uPhu wayengena enkingeni.











UPhu uludle lonke uju lukaNogwaja. Isisu sakhe sigcwele kakhulu.





Usuku:

Amagama okubhekisiswa

sami
sethu
lapho



Masifunde

# Ukubhukuda kumnandi, sibhukuda lapho libalele.

Liyana, kumanzi, sigijima nesilwane sethu.
Namuhla kuyabanda phuma uma unesibindi.
Umoya uyavunguza, isigqoko sami sipheshethwa umoya.



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.



| | | | |
|---|---|---|---|
| namuhla | ihholo | isisho | isiphepho |
| hleka | hhawu | isho | iphuphu |
| hlala | ihhashi | shanela | phuza |



Kopisha izinhlamvu.



Masibhale

v v

V V



Masibhale

Kopisha umusho.



Kumnandi ukubhukuda.



Masenze

Dweba isithombe sohlobo lwesimo osithandayo sezulu. Bhala umusho ngesithombe sakho.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 103 2019/07/21 18:12:02

# Linjani izulu?



**Masibhale** Bhala umusho ngesithombe ngasinye.


__________________________________________


__________________________________________


__________________________________________


__________________________________________

**Masibhale** Sebenzisa la magama ukuqedela imisho.

lishisa | libanda | lina | linomoya

UJabu uyalithanda izulu uma  ____________________.

UBongi akalithandi izulu uma  ____________________.

UMimi undizisa inyoni yephepha uma  ____________.

OJabu noBebe bathanda ukubhukuda uma  __________.

Namuhla izulu  ____________________________.

**Imisindo** Funda imisho, thola ukokelezele imisindo njengoba kwenziwe esibonelweni. Beka ungqi ekupheleni komusho ngamunye.

| | |
|---|---|
| hl | Namu(hl)a liyana. |
| gq | Ngigqoke isigqoko |
| sh | Kuyashisa futhi |
| ng | Liphumile ilanga |
| kh | Asiwezwa amakhaza |



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 104 2019/07/21 18:12:01

# Kunesivunguvungu



Masikhulume Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.




Masifunde

OBongi noMimi baficwa yisivunguvungu.
Bonke bayesaba.
Babaleka bangena endlini.
Sebemanzi vele.
Bayagodola bayaqhaqhazela.
USipoti ubaleka kanye nabo.





ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 106 2019/07/21 18:12:08

# Okunye ngesimo sezulu





Masenze lokhu

Qedela lezi zithombe bese ugcwalisa amagama afanele.
Sebenzisa lawa magama azokusiza.

yona  bona  yena



Yisentwasahlobo. ________
inengubo emhlophe.



Liyana. ________
unesambulela esinemithende eluhlaza nemhlophe.



Kuyashisa. ________
baphethe u-ayisikhilimu..



Kuyabanda. ________
bagqoke izigqoko.



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 108 2019/07/21 18:12:11

Usuku: ____________________



**Bhala**

Funda imisho, bhala igama njengoba kwenziwe esibonelweni. Beka unqqi ekupheleni komusho ngamunye.



| | |
|---|---|
| Yona | Yona inengubo ephuzi. |
| Yona | ________ inenja encane |
| Yena | ________ ungumfana |
| Bona | ______ badlala ibhola lezinyawo |



**Masibhale**

Ungumfana noma uyintombazana?

umfana | intombazane

Ngi- ______________________________ .



**Masizijabulise**

Buka ishadi elingezansi. Lifunde nomngani wakho. Zisho ukuthini izithombe ezincane?

| uMsombuluko | uLwesibili | uLwesithathu | uLwesine | uLwesihlanu |
|---|---|---|---|---|
|  |  |  |  |  |

Xoxisana nomngani wakho niphendule le mibuzo. Bese nibhala phansi izimpendulo zenu.

| | |
|---|---|
| Yiluphi usuku ebelibalele ngalo? | |
| Yiluphi usuku obelunomoya? | |
| Yiluphi usuku obelunamafu nomoya? | |
| Yiluphi ebelina ngalo? | |

Dweba isimo sezulu ezinsukwini ezi-5 ezizayo ozoya ngazo esikoleni. Qala namuhla uqhubeke lize ligcwale ishadi.

| uMsombuluko | uLwesibili | uLwesithathu | uLwesine | uLwesihlanu |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 109 2019/07/21 18:12:14

Usuku:

## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

**Amagama okubhekisiswa**
imifino
evela
sidla

| | | |
|---|---|---|
| ikloza | dlula | inkosi |
| uklebe | dlala | inkomo |
| klebhula | isidleke | inkukhu |



## Masibhale

Kopisha izinhlamvu.



x x

X X

## Masibhale

Bhala uhla lwemifino oyibona itshalwe esithombeni.

| | |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |

## Masibhale

Kokelezala imifino oyithandayo. Bhala umusho owodwa ngemifino oyithandayo.



UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 111 2019/07/21 18:12:17

# Ukutshala esivandeni sethu



**Masikhulume** Khuluma nomngani wakho mayelana nokwenziwa uMimi benoBongi.



**Masibhale** Funda imisho,bese ugcwalisa ngamagama owanikezwe.

| |
|---|
| OBongi noMimi batshala ukherothi nobhontshisi. |
| Izitshalo ______________ . |
| Basika ______________ . |
| Bakha ______________ ngobisi. |
| ______________ izitshalo zabo nsuku zonke. |

batshala

bachelela

ziluhlaza

ushizi

utshani



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 112 2019/07/21 18:12:19

Usuku:

**Amagama okubhekisiswa**

sibona
ibhubesi
amasele
kugijima



## Masifunde



Sibona indlovu enkulu.
Ibhubesi linamazinyo amakhulu.
Ingulule inejubane elikhulu.
Amasele amancane nawonogwaja kugijima otshanini ehlathini.



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ibhubezi | elikhulu | hhawu | buhle |
| ibhola | ekhaya | hheyi | kuhle |
| ibhakede | khonza | ihhashi | bahle |





## Masibhale



Kopisha izinhlamvu.

y y

Y Y



## Masibhale

Bhala ngezinto ozibona esithombeni.





ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 115 2019/07/21 18:12:29

Usuku:

**Masibhale** Qedela imisho ngokukhetha emagameni owanikeziwe.

ibhasi | elikhulu | inyamazane | sibuyela | iya

| |
|---|
| Sihamba ngebhasi ukuyobona izilwane. |
| Ibhasi __________epaki lezilwane. |
| ___________ekhaya. |
| Ibhubesi labe selixosha______________. |
| Sibona ibhubesi ______________. |



**Masizijabulise**

Qedela lo mdwebo. Beka uphawu ezintweni osuqedile ukuzidweba.

| | |
|---|---|
| Dweba ilanga. | ✓ |
| Dweba ingwenya esemfuleni. | |
| Dweba ufudu oluseduze kwedwala. | |
| Dweba amadada amathathu. | |
| Dweba inyamazane iphuza amanzi. | |
| Dweba ibhubesi eliseduze kwehlathi libuka inyamazane. | |



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 117 2019/07/21 18:12:38

# Izikhathi zonyaka





**Masikhulume**

Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.




Yihlobo.




Ikwindla.




Kusebusika.




Yintwasahlobo.



**Masifunde**



Ngiyagodola ebusika.
Ngiyalithanda ihlobo.
Ngigijima ngiya edamini.
Ngiyathanda ukubhukuda.
Ngiphumula ngaphansi kwezihlahla eziluhlaza.



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 118 2019/07/21 18:12:43

Usuku:

## Amagama okubhekisiswa

ihlobo
ubusika
ngiya
eziluhlaza



### Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | | |
|---|---|---|---|
| klebu | ithemba | phila | idlelo |
| ikloba | etha | phepha | ukudla |
| klabalasa | ethala | phika | kwaDludla |





### Masibhale

Kopisha izinhlamvu.

z z

Z Z



### Masibhale

Kopisha umusho.



Ngiyabhukuda ehlobo.



### Masenze lokhu

Dweba isithombe mayelana nenkathi oyithanda kakhulu yonyaka. Bhala umusho ngesithombe.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 119 2019/07/21 18:12:46

# 122 Izinsuku, amasonto nezinyanga



Masikhulume

Buka ikhalenda ukhulume nomngani wakho ngokubona kuyo.

| uLwezi | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| iSonto | uMsombuluko | uLwesibili | uLwesithathu | uLwesine | uLwesihlanu | uMgqibelo |
| 1 | 2 | 3 | 4 | 5 | 6 | 7 |
| 8 | 9 | 10 | 11 | 12 | 13 | 14 |
| 15 | 16 | 17 | 18 | 19 | 20 | 21 |
| 22 | 23 | 24 | 25 | 26 | 27 | 28 |
| 29 | 30 | | | | | |



Masibhale

Bhala izimpendulo zale mibuzo.



Le khalenda ngeyayiphi inyanga?

Zingaki izinsuku ezikhona kule nyanga?

Yiluphi usuku lokuqala lwale nyanga?

Yiluphi olokugcina?

Luvela kangaki usuku lwangeSonto kule nyanga?

Luvela kangaki olwesihlanu?



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 120 2019/07/21 18:12:47

Usuku: ____________



Masibhale

Funda imisho, bese ugcwalisa amagama esikhaleni njengoba kwenziwe esibonelweni. Beka ungqi ekugcineni komusho.

ehlobo | ngoMgqibelo | entwasahlobo | ebusika | ekwindla



| |
|---|
| Sibhukuda ehlobo. |
| Kuyabanda ____________ |
| Ayawa amacembe ____________ |
| Izinyoni zichamusela ____________ |
| Asiyi esikoleni ____________ |



Masizijabulise

Izilwane ziyizinto eziphilayo. Izitshalo ziyaphila nazo. Zonke izinto zidinga umoya, ukudla kanye namanzi ukuze ziphile. Khuluma nomngane wakho ngezinto eziphilayo ezisesithombeni. Dweba isiyingi usikokelezele.






Gcwalisa isikhathi sonyaka esithombeni esiveziwe.

____________



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 121 2019/07/21 18:13:11

# 123 Ulwandle

Masikhulume

Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.




Masifunde



Ushaka unamazinyo amakhulu.
Inhlanzi encane icashe emadwaleni.
Ihlengethwa liphefumula umoya.
Imbambela inemilenze eyisi-8.
Umkhoma yisilwane esikhulu kunazo zonke olwandle.



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 122 2019/07/21 18:13:22

Usuku:




## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje bhala imisho emibili encwadini yakho yokubhalela usebenzise amagama asebhokisini lamagama.

| | | | |
|---|---|---|---|
| vika | woza | bhala | iphepha |
| vala | iwashi | bheka | iphiko |
| vuka | amawa | ibhola | iphaphu |

**Amagama okubhekisiswa**

umoya
zonke
kunazo
esincane







## Masibhale

Kopisha umusho.

UShaka ushukumise umkhumbi.



## Masenze lokhu

Dweba isithombe sesilwane sasolwandle.
Bhala umusho ngesithombe sakho.

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 123 2019/07/21 18:13:26

Usuku:

Imisindo

Funda imisho, thola ukokelezele njengoba kwenziwe esibonelweni.

| | |
|---|---|
| sh | UShaka ushukumise umkhumbi. |
| th | Thatha inhlanzi. |
| qh | Umfana uqhuba imbuzi. |
| xh | Inkonyane iyaxhuga. |
| kh | Sibone umkhoma olwandle. |



Masizijabulise

Siza abantwana babambe inhlanzi.





UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 125 2019/07/21 18:13:36

# Kulahleke uBubu umntwana wendlovu



Masikhulume

Buka izithombe ukhulume ngokubonayo.




Izindlovu zazizidlela nje zonke. UBubu, umntwana wendlovu, wasuka wazihambela washiya umndeni wakhe. Wahamba wahamba wahamba. Akazange abezwe abomndeni bembiza.




Masinyane wahlangana nebhubesi.




Wasuka uBubu waya ezansi emfuleni. Wafica imvubu.



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 126 2019/07/21 18:13:41




Waqhubeka waze wafica indlulamithi. Wayibuka phezulu indlulamithi.




Wasuka wahamba wahamba waze wakhutshwa wufudu. Wabheka phansi, walubona ufudu.




Wavele wakhala-ke manje uBubu. Wahamba wahamba wahlangana nenyamazane.



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 127 2019/07/21 18:13:44




Wabheka phezulu uBubu wabona inyoni enkulu ihlezi esihlahleni.




Wasala yedwa-ke uBubu manje. Wabona isilo eduze kwehlathi.

Isilo sasigijima kakhulu.




UBubu wabona idube.

Usuku: ______







Ingwenya yayifuna ukudla uBubu ngesidlo sayo sasemini.

Ngaso leso sikhathi umama kaBubu wamthola umntwana. Wamdonsa ngomsila uBubu bamkhipha emanzini.




UBubu akazange aphinde awushiye umndeni wakhe. Wayesazi manje ukuthi akalona ibhubesi, akayona futhi imvubu. Wayengeyona indlulamithi engelona ufudu noma inyamazane. Wayengeyona inyoni engesona isilo noma idube. Wayengeyona futhi ingwenya.



ZUL HL Gr1 B2 THS.indd 129 2019/07/21 18:13:56





# Wena ubalulekile.
# Umzimba wakho wonke ubalulekile.
# Umzimba wakho ungowakho



**AKEKHO UMUNTU okufanele athinte izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu othinta izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu okwenzisa izinto ongazifuni.**



**Lapho ungashayela khona ucingo uma udinga usizo:**

**Child Line: 0800 05 55 55**

**SAPS Crime Stop: 086 00 10111**

**SAPS Emergency Number: 10111**

**Life Line: 0861 322 322**

**Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363**

ZUL HL Gr1 B2 TH8.indd 130 2019/07/21 18:14:12

